

**NguMongameli
uThomas S. Monson**



Umhlaba udinga Amaphayoniya Namuhla

Abaningi, indlela yamaphayoniya ngo1847 ayizange iqale eNauvoo, Kirtland, Kude neNtshonalanga, noma eNew York, kepha eNgilande ekude, eScotland, eScandinavia, noma eJalimani. Iziganane ezincane azange zikwazi ukuqonda ngokupheleleyo ukholo olunamandla olwagqugquzela abazali babo ukuba bashiye emuva umndeni, Abangane, ukunethezeka, kanye nokukhuseleka.

Ingane encane ingahle ibuze, Mama. Yingani sihamba sishiya ikhaya? Siyakuphi?

”Woza sihambe, wena oyigugu; siya eZayoni, edolobheni likaNkulunkulu wethu.”

Phakathi kokukhuseleka kwekhaya kanye nesithembiso seZayoni kume amanzi anentukuthelo futhi angathembekile weAtlantiki enkulu. Ubani ongakhumbula uvalo olwaba senhlizweni yomuntu ngenkathi benqamula ngobungozi? Ngokugququzelelwa nguMoya ongcwele othulile, nokusekelwa ngokholo olulula kepha oluqinile, lawo maphayoniya angabaNgcwele bathembela kuNkulunkulu futhi baqala uhambo lwabo ngemikhumbi.

Bagcina sebefikile eNauvoo kodwa baphinde baqala uhambo futhi bahlangabezana nobunzima endleleni. Amatshe wamangcwaba wezihlakaniphi kanye namathuna abekiswe ngamatshe kuyonke indlela esuka eNauvoo ukuya eSalt Lake City. Okwakuyinani abanye

abangamaphayoniya abalikhokhela. Imizimba yabo ingcwatshwe ngoxolo, kepha amagama abo ayophila ingunaphakade.

Izinqola zamahashi zazihamba kanzima, amasondo wezinqola zamahashi ebanga umsindo, amadoda anesibindi ajuluka, izigubhu zezimpi zikhala, Kepha amaphayoniya awayegququzelwa ukholo futhi abababehamba phakathi kwesiphepho baqhubeka ngokuhamba. Esikhathini esiningi bahlabelela:

*Woza, woza, wena Ongcwele, ungasabi ubunzima
bomsebenzi futhi ungasabi umsebenzi;
Kepha ngenjabulo vula indlela yakho.
Noma lendlela ingabukeka inzima kuwe,
Umusa uzakuba njengosuku lwakho. . . .
Konke kulungile! Konke kulungile!*¹

Lamaphayoniya akhumbula amazwi weNkosi: “Abantu bami kumele balolongwe kuzozonke izinto, ukuze bakwazi ukuzilungiselela ukuthola inkazimulo leyo Mina engiyiphethele bona, kanye nenkazimulo yaseZayoni.”²

Indlela yesikhathi yenza ukuthi ukukhumbula kwe-thu kungabonakali kahle futhi kunciphisa ukubonga labo abahamba lendlela yobuhlungu, bashiya uphawu lenyembezi endleleni yamangcwaba angenamagama. Kepha izivivinyo zanamuhla zona? Azikho na izindlela

ezinamatshe ezizohanjwa, azikho na izintaba ezinamagquma azogitshelwa, amawa azoyeqwa, izindlela ezizohanjwa kanzima, imifula ezonqanyulwa na? Noma kukhona isidingo samanje saleyo mimoya yamaphayoniya wokuba usihole ezingozini lezo ezisisabisa ngokusizungeza futhi usiholele endaweni yeZayoni ekhuselekile na?

Eminyakeni eminingi kusukela ekupheleni kweMpiyoMhlaba II, imigangatho yesimilo yehlile futhi. Ubugebengu kuyanda kuyaphezulu; ukuziphatha kahle ngokwesimilo kuyehla. Abanengi basenkingeni enkulu, bafuna injabulo yesikhashana ngesikhathi bezincisha injabulo yangunaphakade. Bese sihlukana noxolo.

Siyakhohlwa ukuba amaGrikhi kanye nabaseRoma baphumelela ngesihle emhlabeni wobudlanga futhi lokuphumelela kwenzeka kanjani—ukuba nokuzotha kanye nokuthula ekugcineni kwabanqoba ekumoshakaleni kwabo. Ekugcineni, ngaphezu kokufuna kwabo inkululeko, babefuna ukukhuseleka kanye nokunethezeka empilweni; futhi baphucwa konke—ukunethezeka kanye nokukhuseleka futhi nenkululeko.

Ungavumeli uSathane akulinge; kepha, qina umele iqiniso. Ukufisa okunganeliseki komphefumulo akusoze kwagcwaliseka ngokufuna injabulo engapheli eletha imizwa ejabulisayo. Okuphansi akusoze kwaletsa okusezingeni eliphakeme. Inzondo ayisoze yaphakamisa uthando. Ubugwala akusoze kwaletsa isibindi. Ukungabaza akusoze kwagqugquzelisa ukholo.

Abanye bathola ubunzima ukumelana nokuphawula kwabantu abangahloniphi futhi nezinkulumbo ezingalungile zabantu abayiziphukuphuku abahlekisa ngokuya ocansini bengashadile, ukuthembeka, kanye nokulalela imiyalelo kaNkulunkulu. Kepha umhlaba uthathe kancane ukugcina lomyalelo. Ngenkathi uNowa eyalwe ukuba akhe umkhumbi, abantu abayiziphukuku babuka kwisibhakabhaka esinganawo amafu futhi behleka—kwaze kwafika imvula.

Kudingekile ukuba sifunde isifundo ngokuphindaphindekile na? Izikhathi ziyashintsha, kepha iqiniso luhlala linjalo. Uma sihluleka ukuzuza ezimfundisweni ezadlulayo, sizoqhubeka siziphinde ngakhokonke ubuhlungu bazo, ukuhlupheka, kanye nobuhlungu. Asinakho ukuhlakanipha wokumlalela Yena owazi isiqalo kanye nesiphetho—iNkosi yethu, owakha iplani lensindiso—ngaphandle komuntu loyo, ozonda lobuhle bayo?

Incwadi echaza amagama ichaza iphayoniya njengo “muntu ohamba kuqala ayolungisa noma avule indlela abanye ukuba bayilande.”³ Singakwazi ngandlela thize siqonde kabanzi isibindi kanye nokuzimisela ngokwempela injongo echaza amaphayoniya wesizukulwane esadlulayo? Mina kanye nawe, empeleni, singaba ngamaphayoniya na?

Ngiyazi ukuba singakwazi. Oh, umhlaba ngendlela odinga amaphoyoniya ngawo namuhla!

AMANOTHI

1. “Woza, Woza, Nina Abangcwele,” *Amahubo*, inombolo. 30.
2. Imfundiso kanye neZivumelwano 59:7, 21.
3. *Oxford English Dictionary*, 2nd ed. (1989), “pioneer.”

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Imibhalo engcwele ichaza ukuthi abothisha ngokuvakasha kumele “bayale, bachaze, bagqugquzele, futhi bafundise, baphinde bameme bonke beze uKristu” (D&C 20:59). Cabanga ngokuveza imiyalo kanye nezi-memo ezikhona kumlayezo kaMongameli uMonson kulabo obavakashelayo. Ungahle ufune ukuxoxisana nabo ngezindlela ezibonisa futhi ezilandela izibonelo ezilungilelo, gwema ukukhohlisa, futhi ufunde ngamaphutha enzwa ngabanye. Buza labo obafundisayo ukuba bangaba kanjani amaphayoniya namuhla?

INTSHA

Ukugqugquzelelwa ngoKholo

Ngu Maggi Earl

Angisoze ngakhohlwa ngihamba emhlabathini waseWinter Quarters, eNebraska, eUSA, lapho amaphayoniya ahlala iminyaka ngaphambilini. Isihlabathi sezwakala singcwele, kwakungathi ngangivakashele ithempeli elangaphandle.

Amehlo ami wayegcwele izinyembezi, ngingakwazi ukubona kahle. Ngabona isifanekiso kepha azange ngikwazi ukubona kahle umzimba. Ngenkathi ngisula izinyembezi zami, ngabona owesilisa kanye nowesifazane ubuso babo bugcwele ubuhlungu. Ngenkathi ngibukisisa, ngabona umzimba wengane encane ulele encwabeni ezinyaweni zabo.

Lesehlakalo sangenza ngabanemizwa eminingi: ukudabuka, intukuthelo, ukubonga, kanye nenjabulo.

Ngafuna ukususa ubuhlungu lobo obezwa ngalabo abaNgcwele, kepha ngaba nokubonga futhi ngalokho abakuhlawulela ngevangeli.

Isifundo sami eWinter Quarters sangisiza ukuba ngikwazi ukubona ukuthi uBaba waseZulwini unikeza ivangeli izingane Zakhe futhi abanikeze igunya lokulisebenzisa ngendlela abafuna ngayo. Abazali baleyongane bebangahle bakwazi ukukhetha indlela elula. Ukulandela umprofethi futhi nokuphila ivangeli kwadingeka lamaphayoniya ukuba baqinisele noma kwakudingekile ukuba bangcwabe ingane yabo. Kepha bakhetha ukusebenzisa ivangeli ezimpilweni zabo futhi bamukele izivivinyo zabo. Ngafunda ukuthi ukuzimisela kwabaNgcwele kwivangeli kanye nokuzimisela ngokuqhubekele phambili kwakugququzelelwe ngokholo kanye

nethemba—ithemba lokuba nekusasa eliqhakazile kanye nokholo ukuthi iNkosi yayibazi futhi izakunciphisa ubuhlungu babo.

Umbhali uhlala eNorth Carolina, eUSA.

IZINGANE

Iba Yiphayoniya

UMongameli uMonson uthi iphayoniya umuntu okhombisa indlela abanye ukuba bayilandele. Yini ongayenza ukuba umele lokho okulungile futhi ube yiphayoniya kwabanye emphakathini wakho kanye nasemndenini wakho? Bhala izimpendulo zakho futhi wabelane nazo kanye nomndeni wakho.



Ukufundisa kanye Nokufunda ngeVangeli

Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

Ukholo • Umndeni • Inkululeko

UJesu Kristu wayenguthisha-
nhloko. Wasibekela isibonelo
njengoba Yena afundisa abesi-
mame abaningi futhi ngamunye,
emgwaqhweni kanye naseduzane
kolwandle, lapho ekukhiwa khona
amanzi nasezindlini zabo. Wabonisa
uthando-nesihle kubona futhi waba-
philisa kanye namalungu omndeni
wabo.”¹

Wafundisa uMartha kanye no-
Mary futhi “wabacela ukuba babe
ngabalandeli Bakhe futhi batha-
bathe insindiso, ‘leyo eyingxenye
enhle’ [uLuka 10:42] lokho akusoze
kwasuswa kubo.”²

Kumbhalo wethu ongwele we-
zinsuku-zokugcina, iNkosi yasiyala
ukuba “sifundise omunye nomunye
imfundiso yombuso” (D&C 88:77).
Ekufundiseni kanye nokufunda
ngemfundiso, Cheryl A. Esplin,
ikhansela lesibili kubuMongameli
jikelele Bokuqala, wathi, “Ukufunda
ukwazi kahle ukuqonda izimfu-
ndiso zevangeli kuthatha isikhathi
eside futhi kuvela ‘ngemigqa phezu
kweminye, umthetho phezu ko-
mthetho, lapha kancane nalapha
kancane” (2 uNifayi 28:30).”³

Njengoba sifunda, sifundisa,
futhi sikhuleka, sizakufundisa
ngamandla woMoya oNgcwele,
lowo ozakuthwala umlayezo wethu
“ezinhlizweni zabantwana bama-
doda [kanye nabesifazane] (2 uNi-
fayi 33:1).

Kuvela Embhalweni Ongcwele

uAlma 17:2–3; 31:5; Imfundiso
kanye Nezivumelwano 42:12–13;
84:85

Kuvela Emlandweni Wethu

Abaprofethi bethu bakudala
bayasikhumbuzisa njengabesifa-
zane ukuthi sinendima ebalulekile
njengothisha emakhaya ethu kanye
naseBandleni. NgoSeptemba 1979,
uMongameli uSpencer W. Kimball
(1895–1985) wasicela ukuba sibe
“ngodade bemibhalo engcwele.”
Yibani ngabafundi bemibhalo
engcwele—ningababeki abanye
phansi, kodwa nibaphakamise phe-
zulu! Emva kwakho konke, ngubani
onesidingo esikhulu ‘ukunakekela’
iqiniso levangeli (ekutheni banga-
biza ezikhathini zabo zezidingo-
kunabe besifazane ebenzayo futhi

nabomama abenza kanjena kakhulu
ekukhuliseni nasekufundiseni?”⁴

Sonke singothisha futhi singaba-
fundi. Uma sifundisa ngemibhalo
engcwele futhi amazwi wompro-
fethi wethu ophilayo, singasiza
abanye beze kuKristu. Uma siziba-
ndakanya emsebenzini wokufunda
ngokubuzisa imibuzo enomqondo
futhi silalela, singathola izimpe-
ndulo lezo ezihlangabezana nezidi-
ngo zetho.

AMANOTHI

1. *Amadodakazi Embusweni Wami: Umlando kanye Nomsebenzi Wenhlango Yabesimame Yenkululeko* (2011), 3.
2. *Amadodakazi Embusweni Wami*, 4.
3. uCheryl A. Esplin, “Teaching Our Children to Understand,” *Liahona and Ensign*, May 2012, 12.
4. uSpencer W. Kimball, ku *Amadodakazi Embusweni Wami*, 117.

Ngingenzenjani?

1. Ngingazilungiselela ka-
njani ukuba ngibe nguthisha
ongcono?
2. Ngiyabelana ngobufakazi
bami kanye nodade engibaqa-
phile na?